ISIZULU

UMHLAHLANDLELA WABANTU

# #RSABUDGET2024

Ushicilelo oluhlanganyelwe phakathi koMgcinimafa KaZwelonke kanye Nophiko Lwezentela LwaseNingizimu Afrika

#RSA Budget | #RSABudget2024

OKHISHWE NGU

national treasury
Department:
National Treasury
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Tel: (012) 315 5100
Media@treasury.gov.za
www.treasury.gov.za

**IMININGWANE**

**SIYINI ISABELOMALI?**

**SIHLANGANISWA KANJANI ISABELOMALI?**

**NgoNhlolanja minyaka yonke, uNgqongqoshe wezeziMali wethula isabelomali sikazwelonke, lapho ememezela khona ukusetshenziswa kwezimali kukahulumeni, intela kanye nezinhlelo zokuboleka zeminyaka emithathu ezayo. Isabelomali sikazwelonke sicaza imali phakathi kweminyango kazwelonke, izifundazwe kanye nomasipala.**

1. Ukushicilelwa kwemihlahlandlela okumele iminyango kaHulumeni iyilandele ekudidileyeni isabelo mali
2. Iminyango kaHulumeni ibeka uhlu lwezidingo zawo ngokubaluleka kwazo bese ididiyela izinhlelo zokutshenzisa kwemali kanye nezethembiso zokulethwa kwezinsiza zomphakathi
3. Iziphakamiso zesabelomali zihanjiswa kuMgcinimafa Kazwelonke bese ziyadingidwa
4. Iziphakamiso zokwabiwa zicutshungulwa amakomidi abaQondisi-Jikelele beminyango kaHulumeni
5. Izincomo zesabelomali zenziwa eKomidini Longqongqoshe
6. Isitatimende Senqubomgomo Yesabelomali saphakathi nonyaka izinkomba ngokuzokwenzeka kusabelo mali esilandelayo
7. Okokugcina, izabelo zinqunywa uMkhandlu omkhulu kahulumeni
8. Imibhalo yesabelomali iyalungiswa
9. Kwethulwa Isabelomali Esiyinhloko
10. IPhalamende lidingida futhi lamukele Isabelomali
11. Ithunyelwa kuMongameli ukuthi ayicikice ukuze ibe ngumthetho





**MR. ENOCH GODONGWANA**
***UNGQONGQOSHE WEZEZIMALI***

# UKULINGANISA NGOKUSIMEME PHAKATHI KWEZIMALI ZIKAHULUMENI NEZIDINGO ZOMPHAKATHI

**Ukusebenza kweNingizimu Afrika ngakwezomnotho bekulokhu kuntekenteke, futhi kudingeka izinqumo ezinzima ukuqinisekisa ukuthi uyakhula umnotho futhi uvula namathuba omsebenzi.**

Kudingeka nezinyathelo eziqinile futhi eziphusile ukulawula isikweletu sikahulumeni kanye nokushoda kwesabelomali, okuyigebe phakathi kwemali esetshenziswa nguhulumeni kanye nemali ayiqoqa ngentela. Kulinganiselwa ekutheni umnotho ukhule kuphela ngamaphesenti ayi-0.6 ngokwenani loqobo elibandakanya ukubukwa kwezinga lokwehla kwamandla emali ngowezi-2023, ikakhulukazi ngenxa yomthelela omubi wenkinga yokushoda kukagesi, isimo esibi samachweba ethu nemizila yokuthuthwa kwempahla ngezitimela kanye nezindleko zokuphila eziphakeme. Isabelomali sowezi-2024 sibonisa ukuzibophezela kukahulumeni ekuphakamiseni ukukhula kumnotho ngokwenza ngcono ukuphakelwa kukagesi kanye nokuthuthwa kwempahla ngendlela ethembakele, ngokunjalo futhi ngokwakha enye ingqalasizinda ebalulekile, enjengamapayipi amanzi, izikole kanye nemigwaqo. Izindaba ezimnandi wukuthi kubhekeke ukuthi umnotho womhlaba ufake isandla esibonakalayo impela ngenxa yokwehla kwesivinini sokwehla kwamandla emali kanye nokuncishiswa kwamazingasilinganiso enzalo okunamathuba okuthi kwenzeke. Ngenxa yalokhoke, umnotho waseNingizimu Afrika kulindeleke ukuthi ukhule ngokwesilinganisonani samaphesenti ayi-1.6 kule minyaka emithathu ezayo.

Isimo sezimali esizinzile sizokhuthaza ukukhula komnotho futhi sisekele lawo malungu omphakathi adinga ukubhekelelwa kakhulu, futhi kusenjalo lokho kuzonciphisa nesikweletu, futhi kwehlise nobungozi bezimali nomnotho. Uhulumeni ubeke eqhulwini izinhlelo zokutshalwa kwemali ngokukhulisa ukusetshenziswa kobambiswano nomkhakha ozimele, kubandakanya nokusetshenziswa kwamakhono kanye nemithombo yezimali yezinkampani ezizimele kanye nezikhungo zezimali zamazwe ngamazwe.

Isikweletu sikahulumeni esiphakeme futhi esikhulayo sibeka engcupheni ukuhlinzekwa kwezidingongqangi kanye notshalomali oluvela emabhizinisini ngokuphambukisa ingxenye elokhu ikhule njalo yezimali ezivela kubakhokhintela zingabe zisabhekiswa kwizinsiza zikahulumeni ezisemqoka kodwa zibhekiswe ekukhokheleni isikweletu. Kusukela ngowezi-2008/09 isamba semali esetshenziselwa ukukhokhela izindleko zesikweletu ikhuphukile isuka kuma-R54.4 ezigidigidi noma amaphesenti ayi 7.9 engenisomali ephele yayofinyelela kuma-R356.1 ezigidigidi noma amaphesenti ayi 18.5 engenisomali ngowezi-2023/24. Futhi izindleko zesikweletu zikhula ngaphezu kwesivinini sokukhula komnotho, okubonisayo ukuthi umnotho uyahluleka ukukhula ngokushesha okwanele ukuze ukwazi ukuqhubeka nokukhokhela inzalo engeziwe njengamanje esikweletini sikahulumeni. Inqubomgomo yezezimali kancane kancane izokwenza ukuthi yehle futhi ilawuleke ingxenye yesabelomali esetshenziselwa ukukhokhela izindleko zesikweletu.

Ngenxa yalezi zizathu, kule minyaka emithathu ezayo, uhulumeni uzosebenzisa imali ngokucophelela okukhulu futhi, kwezinye izimo, anciphise izindleko eziphezu komgodlagodla wezimali kahulumeni. Phakathi kowezi-2024/25 nowezi-2026/27, uhulumeni uzosebenzisa imali engama-R7.4 wamathriliyoni futhi le mali izofakwa ikakhulukazi ekuhlinzekweni kwezidingo zomphakathi ezisemqoka kakhulu njengezempilo, ezemfundo, ukulwisana nobugebengu kanye nombutho kazwelonke wezokuvikela. Cishe amaphesenti angama-60 noma ama-R3.7 wamathriliyoni kule mali izosetshenziselwa ukuhlinzeka izinsiza zomphakathi, ukukhokhela imiholo yothisha, abahlengikazi kanye nodokotela, futhi izokhokhela nezibonelelo zikahulumeni. Imali izosetshenziselwa futhi nokulungisa ukusalela emuva kwengqalasizinda emkhakheni wezemfundo nowezempilo ngokunjalo futhi kutshalwe imali emisebenzini emikhulu yengqalasizinda ezobeka isisekelo esiqinile sokukhula komnotho. *Isibonelelomali sokulekelela labo abakhahlanyezwa yi-COVID-19* naso sibandakanyiwe kwiSabelomali sowezi-2024.

Ngesikhathi esifanayo, ukuqiniswa kwebhande lokusetshenziswa kwesabelomali kuchaza ukuthi ngowezi-2025/26 isikweletu kanye nezindleko zesikweletu kuzoyeka ukudlondlobala futhi kuqale ukwehla, okuyinto ezokhulula izimali ezengeziwe ezizobhekiswa emisebenzini kahulumeni esikhathini esizayo futhi okuzokwenza ukuthi kube lula kumabhizinisi kanye nabantu ukuthi bafinyelele kwizinsiza zezimali ezizobalekelela ukuthi nabo bazitshalele imali.



# UKUVUSELELWA KOMNOTHO NGOKU-GUQULA ISAKHIWO SAWO

**Inkinga enkulukazi evimbe ukukhula komnotho yinkinga yokucinywa kukagesi ngenhloso yokuwonga, isivinini esiphansi nezinga elingagculisi neze lokusebenza kwamachweba nokuthuthwa kwempahla ngezitimela, kanye nobuntekenteke bezinsizakalo zikahulumeni.**

Uhulumeni wenza imizamo yokubhekana nalezi zinselelo. Ubambiswano olubizwa nge-Operation Vulindlela selusebenze iminyaka eminingana impela, futhi luqhuba izinguquko esakhiweni somnotho ukukhuthaza ukukhula komnotho esikhathini eside. Kwenziwa izinguquko embonini yokuphakelwa kukagesi, okuzokwenza kube lula futhi kungambi eqolo ezinkampanini ezizimele kanye namakhaya ukuziphehlela owabo ugesi besebenzisa izindlela ezahlukene, kubandakanya amaphaneli kagesi welanga, futhi besebenzisa ngisho neziteshi eziphehla ugesi ezisezandleni zezinkampani ezizimele. Kule minyaka emithathu ezayo, kulindeleke ukuthi ibe isisebenza imiklamo emikhulukazi yenani elingaphezu kwama-R100 ezigidigidi ezophehla ugesi ongamamegawathi ayizi-6 000. Ngaphezu kwalokho, manje uhulumeni nguyena osekhokhela ingxenye enkulu yesikweletu sabakwa-Eskom, okwenza ukuthi abakwa-Eskom babe nemali yokulungisa iziteshi zabo eziphehla ugesi futhi bakwazi ukugcina izintambo ezithutha ugesi zisesimweni esikahle, futhi omasipala bavumelekile ukufaka izicelo kwabakwa-Eskom zokulekelelwa ezikweletini zabo zikagesi, ngaphansi kombandela wokuthi kumele benze ngcono izinhlelo zabo zokuqoqa izikweletu kubahlali.

Inselelo yamachweba nohlelo lokuthutha ngezitimela olungasebenzi neze kahle kudinga indlela-kusebenza emkhakha-mningi. Kwasungulwa iKomidi Likazwelonke Lokubhekana Nezinkinga Zokuthuthwa Kwempahla, phecelezi, i-National Logistics Crisis Committee, usihlalo walo okunguMongameli, elisungulelwe ukuxazulula izinselelo abhekene nazo u-Transnet, okuyinkampani eqhuba umsebenzi wamachweba kanye nohlelo lokuthutha ngezitimela. Ngowezi-2023/24, lishintshiwe ithimba labaphathi be-Transnet futhi le nkampani seyisebenzisa uhlelo olusha ukuze yenze ngcono isimo sayo sezimali kanye nemisebenzi yayo. Lokhu kubandakanya nokuthengiswa kwempahla engewona umongo womsebenzi wabo, ukubambisana nezinkampani zamazwe ngamazwe nezakuleli ukuqhuba umsebenzi wezingxenye ezithile zamachweba kanye nokulungiswa komonakalo kojantshi nezitimela.

Okokugcina, uhulumeni uzokwenza imizamo yokwenza umkhakha kahulumeni usebenze ngobungoti nobunyoninco futhi kwenziwe ngcono nokuphathwa kwamabhizinisi kahulumeni. Lokhu kulindeleke ukuthi kukhuthaze isimo esizinzile futhi esizokwazi ukuheha utshalomali.

## UKUKHA PHEZULU NGESABELOMALI SOWEZI-2024

1. **Izibonelelo zokunciphisa izindleko zokuphila nokubhekelela abahlwempu zifinyelela kumaphesenti angama-60.2 okusetshenziswa kwemali okungena-nzalo, okubhekelela ukuthuthukiswa komphakathi, izinhlelo zokuqashwa, ezempilo, ezemfundo kanye nokuvikelwa komphakathi.**
2. **Uma kuqhathaniswa ne-MTBPS yowezi-2023, kuzokwengenzwa isamba esingama-R57.6 ezigidigidi kule minyaka emithathu ezayo ukukhokhela imiholo yothisha, abahlengikazi, odokotela, amaphoyisa kanye nemiholo yezinye izinsizakalo ezibaluleke kakhulu.**
3. **Uhulumeni uzosheshisa ukukhishwa nokwakhiwa kwengqalasizinda yo-mphakathi ngokuletha amakhono kanye noxhasomali oluvela emkhakheni ozimele.**
4. **Kusukela mhlalu-1 kuMandulo 2024, izinguquko ezintsha zomhlalaphansi zizovumela umuntu ukuthi akwazi uku-thola ingxenye ethile yemali yakhe esesikhwameni somhlalaphansi nga-phambi kokuba athathe umhlalaphansi.**
5. **Ukushoda kwezimali kuzoncishiswa futhi isikweletu sikahulumeni sizokwehla sifinyelele kumaphesenti ama-75.3 e-GDP ngowezi-2025/26.**
6. **Isimo sokukhula komnotho sibukeka silokhu sizinzile kule minyaka emithathu ezayo. Okulindelekile kubandakanya ukuncipha kokucinywa kukagesi ngenhloso yokuwonga, ukwehla kwamandla emali okuphansi kanye nokukhula kancane kancane kokuhlinzekwa kwesikweletu.**

**BONA IKHASI ELILANDELAYO →**



# IMIZAMO YOKUBHEKANA NEZINSELELO ZESIMO SEZULU: UKUQINA KWENINGIZIMU AFRIKA NGAKWEZOMNOTHO

**Ukuba sengcupheni kweNingizimu Afrika yokuhlaselwa yizigameko zesimo sezulu ez-injengesomiso, izikhukhula kanye nemililo yasendle sekuholele ekutheni njalo kuleli kube nezinhlekelele zemvelo ezinamandla, futhi kamuva nje kule minyaka edlule zikhuphuke kakhulu izigameko zalokhu kanye nokulahlekelwa.**

Izinhlekelele zakamuva nje izinjenge-mililo yequbula e-Knysna, iziphepho eThek-wini, isomiso edolobheni laseKapa kanye nezikhukhula KwaZulu-Natali zikhahlameze kakhulu ezolimo kanye nezokuvakasha, okube nomthelela omkhulukazi kuchithomali kanye nengenisomali kahulumeni. Kusukela ngowe-1980, cishe bayizigidi ezingama-22 abakhahlamezekile, okuholele ekulahlekel-weni ongakufinyelela kwisamba esingama-R113 ezigidigidi. Lezi zigameko zikwenza kube kubi kakhulu ukungalingani okukhona phakathi kwabantu, futhi lokhu kukhahlameza ikakhulukazi imiphakathi edla imbuya ngothi esengcupheni yokuhlaselwa yizinhlekelele zesimo sezulu kanye nemithelela yazo, enjengokudlondlobala kwamanani entengo yokudla kanye nengcuphe yomonakalo nokulimala kwempahla.

Ngowezi-2024, uMgcinimafa Ka-zwelonke uzophothula iqhingasu kokux-haswa ngezimali kwezinhlelo zokubhekana nezinhlekelele, eligxile ezinhlelweni ezintsha zokuxhasa ngezimali nokudlulisa ubungozi bezinhlekelele ukuze kuncishiswe ngem-pumelelo ubungozi obudalwa yisimo sezulu. Leli qhingasu lenzelwe ukulekelela izinhlangano ezingaphansi kukahulumeni kanye nemiphakathi esengcupheni ukuze ku-phuculwe ukuqina kwayo ngakwezomnotho futhi kuqinisekiswe ukuba khona kwezinhlelo ezisebenza kahle zokubhekana ngqo nesimo senhlekelele kanye nokuvuselela kabusha emuva kwesimo senhlekelele. Iqhingasu lihlose ukuqinisa amandla kahulumeni okuxhasa ngezimali imizamo yokuvuselela isimo emuva kwenhlekelele kanye nokwelula izinhlelo zomshwalense zokuvikela ukukhahl-amezeka ngakwezezimali okubangelwa yizinhlekelele zemvelo.

## UKWAKHIWA KWAMATHUBA OMSEBENZI

**Ngokuphawulekayo, izinga lokuntuleka kwamathuba omsebenzi lehlele kumaphasenti angama-31.9 ngekota yesithathu yowezi-2023, okuqophe izinga eliphansi kunawo wonke eminyakeni emithathu.**

Uhlelo lukaMongameli lokukhuthaza amathuba omsebenzi luzokwabelwa imali engama-R7.4 ezigidigidi ngowezi-2024/25. Ngokuhambisana nalolu hlelo, uMnyango Wezohwebo, Izimboni Nokuncintisana wabe kabusha imali engama-R1.1 ezigidigidi ezoxhasa iSikhwama Sokuqashwa Kwabantu Emiphakathini. Ngaphezu kwalokho, uMnyango Wezolimo, Izinguquko Kwezomhlaba kanye Nokuthuthukiswa Kwezindawo Zasemakhaya ubeke eceleni imali engama-R750 ezigidi yokukhuthaza ukutholakala kokudla okwanele kuleli kanye nohlelo olubhekelela izindlela zokuziphilisa oluqondiswe kubalimi abalimela ukuzitholela okuya ngasethunjini.

## 1 IMITHOMBO YENGENISOMALI KAHULUMENI NGOWEZI-2024/25

| | | |
|---|---|---|
| R1 863.0bn | 83.3% | IZINTELA |
| R332.4bn | 14.8% | UKUBOLEKA |
| R41.9bn | 1.9% | INGENISOMALI ENGENANTELA |

## 2 UKUSETSHENZISWA KWEMALI NGUHULUMENI NGOWEZI-2023/24

| | | |
|---|---|---|
| R387.3bn | 16.3% | EZENHLALAKAHLE |
| R382.2bn | 16.1% | IZINDLEKO ZESIKWELETU |
| R324.5bn | 13.7% | EZEMFUNDO EYISISEKELO |
| R271.9bn | 11.5% | EZOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI |
| R265.3bn | 11.2% | EZEMPILO |
| R255.4bn | 10.8% | EZOKUTHUTHUKISWA KOMNOTHO |
| R244.0bn | 10.3% | UXOLO NOKUVIKELEKA |
| R144.0bn | 6.1% | EZEMFUNDO EPHAKEME NOKUQEQESHWA |

## 3 IZIBONELELO ZIKAHULUMENI

| | 2023/24 | 2024/25 |
|---|---|---|
| ISIBONELELO SIKAHULUMENI SABADALA | R2 085 | R2 185 |
| ISIBONELELO SIKAHULUMENI SABADALA ABANGAPHEZU KWEMINYAKA ENGAMA-75 | R2 105 | R2 205 |
| ISIBONELELO SOMAKADEBEBONA BEZEMPI | R2 105 | R2 205 |
| ISIBONELELO SABAKHUBAZEKILE | R2 085 | R2 185 |
| ISIBONELELO SEZINGANE EZINGENABAZALI | R1 125 | R1 180 |
| ISIBONELELO SABANAKEKELI BEZINGANE EZIKHUBAZEKILE | R2 085 | R2 185 |
| ISIBONELELO SEZINGANE | R505 | R530 |

**19.7 million**
inani labantu abazobe bethola izibonelelo zikahulumeni **ngoNdasa 2027**

*Isabelomali sizokwenyusa amanani ezibonelelo ezingungunaphakade ngokuhambisana nokwehla kwamandla emali.*

## 4 ISABELOMALI SISEKELA UKUKHULA KOMNOTHO, UKWAKHIWA KWEMISEBENZI NOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI

**1.3 per cent**
**ukukhula kwangempela kwe-GDP** okulindelekile ngowezi-2024, ngaphambi kokuba kuthuthuke kukhule ngephesenti **eli-1.8 ngonyaka wezi-2026**

**60.2 per cent**
ochithomali lukahulumeni aya **ekuthuthukisweni komphakathi, izinhlelo zokuqashwa, ezempilo, ezemfundo kanye nokuvikelwa komphakathi** kule minyaka emi-3 ezayo.

**R827.3 billion**
zabelwe **izidingongqangi, izindlu nezokuthuthwa komphakathi, kanye noguquko lwezindawo zokuhlaliswa kwabantu** nokuthuthukiswa kwezindawo ezisemadolobheni kule minyaka emi-3 ezayo


**R818.7 billion**
ukweseka umkhakha wezokukhiqiza, amabhizinisi amancane kanye nezinhlelo zokuqashwa komphakathi eminyakeni emi-3 ukuze kukhuthazwe ukukhula komnotho nokuqashwa kwabantu

## 5 UHLELO LOKUQASHWA KWABANTU LUKAMONGAMELI

**R7.4 billion**

Imali engama-R7.34 ezigidigidi yabelwe uhlelo lokuqashwa kwabantu lukaMongameli ngowezi-2024/25, ukweseka izindlela zokuziphilisa, ukuqhuba izingu-quko maqondana nesakhiwo somnotho kanye nokuvumela ukwakhiwa kwamathuba omsebenzi.

## 6 IZINKOKHELO ZIKAHULUMENI EZINGENANZALO KANYE NEZINENZALO NJENGESAMBA SEZINDLEKO ZONKE




Ukusetshenziswa kwemali okunenzalo

Ukusetshenziswa kwemali okungenanzalo*

* Izindleko ezingenayo inzalo ziyisamba esisetshenziswa uhulumeni ngaphandle kwenzalo ekhokhwa esikweletini

# 2024 IZIPHAKAMISO ZENTELA

SARS At Your Service

## INTELA YENGENISOMALI YOMUNTU SIQU

### ZIKUTHINTA KANJANI IZINGUQUKO ZENTELA YENGENISOMALI YOMUNTU SIQU?

Isabelomali sowezi-2024 asizishintshi izilinganisonani zentela ebezisebenza ngonyaka wentela wezi-2023/4. Ngakho-ke, isamba semali engaholwa umuntu ngaphambi kokuba kudingeke ukuthi akhokhe intela kusukela mhla lu-1 kuNdasa 2024 kuya kumhla zingama-28 kuNhlolanja 2025 sihleleke ngendlela elandelayo:

| IMIKHAWULO YENTELA | UNYAKA WENTELA KA 2023/24 | UNYAKA WENTELA KA 2024/25 |
|---|---|---|
| Abangaphansi kweminyaka engama-65 | R95 750 | R95 750 |
| Abaphakathi kweminyaka ewu 65 - 74 | R148 217 | R148 217 |
| Abadala abangaphezu kuka- 75 | R165 689 | R165 689 |

Izaphulelontela zomkhokhintela ngamunye zime kanje:

| IZAPHULELONTELA | UNYAKA WENTELA KA 2023/24 | UNYAKA WENTELA KA 2024/25 |
|---|---|---|
| Umkhakha wokuqala (bonke abantu) | R17 235 | R17 235 |
| Umkhakha wesibili (Abano 65 nangaphezulu) | R9 444 | R9 444 |
| Umkhakha wesithathu (Abano 75 nangaphezulu) | R3 145 | R3 145 |

## IZINTELA ZEMIKHIQIZO ENOBUNGOZI

### UKUKHUSHULWA KWENTELA YOTSHWALA NOGWAYI

Intela eqondene nemikhiqizo ehlukahlukene yotshwala izokhuphuka ngenani eliphakathi kwamaphesenti ayisi-6.7 namaphesenti ayisi-7.2 futhi imikhiqizo kagwayi izokhuphuka ngenani eliphakathi kwamaphesenti ama-4.7 namaphesenti ayisi-8.2.

| | KUZOKHULA NGAMA: |
|---|---|
| Ubhiya wemvubelo | 14c ngekani elingama-340ml |
| Iwayini elingahluziwe | 28c ngebhodlela elingama-750ml |
| Iwayini elihluziwe | 47c ngebhodlela elingama- 750ml |
| Iwayini elihlohlozayo | 89c ngebhodlela elingama- 750ml |
| Ama-Cider neziphuzo zezithelo ezinotshwala | 14c ngekani elingama-340ml |
| Ugologo | R5.53 ngebhodlela elingama- 750ml |
| Usikilidi | 97c ngephakethe lama-20 |
| Izinti zomkhiqizo kagwayi oshisiweyo | 73c ngephakethe lama-20 |
| Ugwayi kasikilidi | R 1.09 ngama-50g |
| Imboza | 57c ngama-25g |
| Izigazu | R 9.51 ngama-23g |
| Ingxube enenikhothini nengenayo inikhothini kagwayi obhenywa ngemibhobho yobuchwepheshe besimanjemanje | 14c ngemililitha |

## AMAZINGASILINGANISO ENTELA

### INTELA YENGENISOMALI: YOMUNTU NGAMUNYE KANYE NEYAMATHRASTI

Intela okumele ikhokhwe ngumuntu ngamunye kanye namathrasti akhethekile ngonyakamali ophela phakathi kwamhlalu-1 kuNdasa 2024 kanye nomhla zingama-28 kuNhlolanja 2025

| Ingenisomali Ekhokhelwa Intela (R) | Izingasilinganiso lentela (R) |
|---|---|
| R0 kuya kwizi-237 100 | ama-18% engenisomali ekhokhelwa intela |
| R237 101 kuya kwizi-370 500 | R42 678 + ama-26% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R237 100 |
| R370 501 kuya kwizi-512 800 | R77 362 + ama-31% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R370 500 |
| R512 801 kuya kwizi-673 000 | R121 475 + ama-36% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R512 800 |
| R673 001 kuya kwizi-857 900 | R179 147 + ama-39% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R673 000 |
| R857 901 kuya kwisi-1 817 000 | R251 258 + ama-41% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R857 900 |
| R1 817 001 nangaphezulu | R644 489 + ama-45% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwesi-R1 817 000 |

| | |
|---|---|
| Amathrasti ngaphandle kwamathrasti akhethekile | Izingasilinganiso lentela ngama-45% |

### INTELA YENGENISOMALI: IZINKAMPANI

Iminyaka yokuhlola ephela nganoma yiluphi usuku phakathi kwamhla lu-1 kuMbasa 2024 nomhla zingama-31 kuNdasa 2025

| Uhlobo | Izingasilinganiso Lentela (R) |
|---|---|
| Izinkampani | ama-27% engenisomali ekhokhelwa intela |

### INTELA YENGENISOMALI: IZINKAMPANI EZINGAMABHIZINISI AMANCANE

Iminyaka yokuhlola ephela nganoma yiluphi usuku phakathi kwamhla lu-1 kuMbasa 2024 nomhla zingama-31 kuNdasa 2025

| Ingenisomali Ekhokhelwa Intela (R) | Izingasilinganiso Lentela (R) |
|---|---|
| R0 kuya kwizi-R95 750 | 0% engenisomali ekhokhelwa intela |
| R95 751 kuya kwizi-R365 000 | ama-7% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R95 750 |
| R365 001 kuya kwizi-R550 000 | R18 848 + ama-21% engenisomali ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R365 000 |
| R550 001 nangaphezulu | R57 698 + ama-27% esamba semali esingaphezu kwezi-R550 000 |

### INTELA YENGENISO EPHELELE YAMABHIZINISI AMANCANE

Iminyakamali ephela nganoma yiluphi usuku phakathi kwamhla lu-1 kuNdasa 2024 nomhla zingama-28 kuNhlolanja 2025

| Ingeniso ephelele ekhokhelwa intela (R) | Izingasilinganiso Lentela (R) |
|---|---|
| R0 kuya kwizi-R335 000 | 0% yengeniso ephelele ekhokhelwa intela |
| R335 001 kuya kwizi-R500 000 | i-1% lengeniso ephelele ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R335 000 |
| R500 001 kuya kwizi-R750 000 | R1 650 + ama-2% engeniso ephelele ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R500 000 |
| R750 001 nangaphezulu | R6 650 + ama-3% engeniso ephelele ekhokhelwa intela engaphezu kwezi-R750 000 |

*Source: National Treasury*

Scan this QR code for the PDF version of this People's Guide to the Budget

**UMBONO WAKHO UBALULEKILE**

**INGABE ULUTHOLILE USIZO KULOMHLAHLANDLELA WABANTU NGESABELO-MALI?**

Sihlala sifuna izindlela ezintsha zokuthuthukisa lo Mhlahlandlela futhi singazijabulela nazo uma ungathumela **impendulo neziphakamiso** zakho ku-**Media@treasury.gov.za**